



Ngalelo langa uXikochimani wavuka ekuseni kakhulu.

Waba ngomunye wabantu abafika kuqala esiteshini samabhasi namatekisi.

Lolu kwakuwuhambo lwakhe lokuqala eyedwa.




“Woza, liyahamba ibhasi manje!” kumemeza indoda.



Kwase kusele kancane ligcwale ibhasi. UXikochimani wama elinde ukuthi kubizwe inamba yethikithi lakhe.

Kwakukhona umfana owayemi emnyango webhasi.

UXikochimani wazizwa ephelelwa yisineke sokulinda.



Isihlalo sikaXikochimani sasiduze kwefasitela, ehlezi eduze kwabashadikazi ababehamba ndawonye uRhulani noMadzivandlela.

Kwakushisa kakhulu ebhasini.



Abadayisi bokudla babelokhu bengena bededelana
ebhasini, umsindo wabo wawuvala izindlebe!

Babedayisa iziphuzo ezibadayo, ubhanana, amaswidi,
izinyama nezinye izinto zokuthiba indlala.



UMadzivandlela wakhapha imali ayeyishutheke ebeleni lakhe wathenga izithelo ezazidayiswa enye indoda eyayinobuso obuchachambile.

Wabeka phansi incwadi yakhe waqala wadla izithelo ngokuzijabulela.



Umshayeli wangena ebhasini wabingelela abagibeli.
“Khululekani nijabulele uhambo,” wamemeza bonke
abagibeli.

UMzamani wayewaphinda wonke amagama ashiwo
umshayeli!



Umgwaqo owawuya edolobheni wawumude futhi unamajika.

UXikochimani wayejabule ukubuka izindawo ezinhle ibhasi elalizedlula.



Kwakusashisa kakhulu ebhasini nakuba ilanga lase liyoshona. Abagibeli babejuluka bephicika futhi bozela.


URhulani wabamba isikhwama sakhe wasiqinisa ngesikhathi esefikelwa ubuthongo.



Emva kwesikhashana bazunywa ubuthongo bobathathu oXikochimani, uRhulani noMadzivandlela.

UMadzivandlela wayehona kakhulu.

Balala bathi zwi ngesikhathi ibhasi lithubeleza ubusuku bonke.



UXikochimani wavuswa yisandla esasimthinta ehloambe.

“Isiteshi sokugcina lesi, kanti wena uyaphi?” kubuza indoda esemuva kwakhe.



UXikochimani wehla ebhasini.

Akabonanga buso abaziyo.

Wakhuluma yedwa ezitshela ethi, “NginguXikochimani ozalwa uRhulani kaGalela kaXihimu. Ngizofika kwamkhulu.”